



## **INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI, UMNUZ BHEKI CELE NGOSUKU LOKUTHANDAZELA UKUPHEPHA EMGAQWENI (SIYABAKHUMBULA) KWAXIMBA NGESONTO 25<sup>TH</sup> SEPTEMBER 2005**

Nginibingelela nonke

- Uma sikhuluma iqiniso, bonke abantu baseSouth Africa sebake bathinteka ezingozini zomgwaqo ngandlela thile.
- Izingozi zomgwaqo eNingizimu Afrika zidlula nemiphefumulo cishe engu-10 000 njalo ngonyaka, bese kuba nabantu ababalelwa ku-36 000 abalimala kanzima emigaqweni yethu minyaka yonke.
- Abantu abaningi abalimala kanzima ababe besabuyela esimweni esijwayelekile sempilo ngenxa yokukhubazeka abasuke sebenako.
- Uma laba bantu sebephuma esibhedlela, basuke sebethembele kwabanye abantu kanti kusuke sekufanele banakekelwe ngasezimalini, ngokomzimba nangokwengqondo.
- Into ehamba phambili ebanga lezi zingozi UKUZIPHATHA. Izingozi eziningi zisuke zingagwemeka ukuba iningi lethu lishintsha indlela yokuziphatha libe ngabasebenzisi bomgwaqo abathobela umthetho.
- Umthwalo obekwe emahlombe oMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ngukwakha isimo esiphephile emgaqweni ngokuba kunciphe izingozi. Lokhu kwenzeka ngokuba kube nezinhlaka zokugcinwa komthetho – amaphoyisa, ukufundisa ngezokuphepha nokuhlaziya izimo nokulungisa ngakwezobunjiniyela lezo zindawo ezibonakala ziyingozi.
- Ukuzibophezela kukahulumeni ekwehliseni izibalo zabantu abashona emgaqweni kuhamba kufike ekuqinisekiseni ukuthi nezinhlaka zomphakathi zibambisana nathi kulo mbhidlango wokulwa nobugebengu obuphathelene nomgwaqo.
- Kuyinhloso yethu ukuthi siqhubeke siqinise ubudlelwano nezakhiwo zemiphakathi, ikakhulukazi ukuzama ukuthola ukwesekwa yizinhlaka nabaholi bezenkolo KwaZulu-Natal ukuze isiko lokuphepha emgaqweni kube ngumsebenzi wawo wonke umuntu.
- Sizozhubeka nomkhankaso ka-“100% Compliance” lapho sinezinhlelo zokufundisa umphakathi wonkana ngezindlela ezifanele zokuziphatha. Sizozhubeka senze ngcono izimo zemigwaqo yethu ngokuletha ubuchwepheshe nobunjiniyela obufanele.
- Umqondo omusha manje kwezokuphepha emgaqweni uveza ukuthi ukuzibandakanya kuka hulumeni kwezokuphepha emgaqweni kumele kungagcini ngokwakha imithetho nokubheka ukugcinwa kwayo, kodwa kufakwe izindlela ezibandakanya abantu

ezizobhekana nokugwema izingozi zibuye zisize ngemuva kwengozi ngendlela ehlanganisa bonke abathintekayo.

- Kungalesi sizathuke sihlange lapha namhlanje, nabaholi bezenkolo namabandla abo ahlukenene, abazokhuleka noMnyango wezokuThutha, ukuba kungenelele amandla kamoya emizamweni yethu yokunciphisa izingozi nokufa kwabantu emigaqweni yethu.
- Uhlelo lukaSiyabakhumbula luhlose ukukhumbula bonke labo abashona ezingozini zomgwaqo esifundazweni sonke kule minyaka edlule.
- Kusazokuba nemicimbi efana nalona nakwezinye izindawo esifundazweni.
- Isisekelo salolu hlelo yisidingo sokuba kuhlanganwe kuzwakaliswe ukukhala ndawonye nokuba kuxhaswe bonke abathintekayo ezingozini zomgwaqo.
- USiyabakhumbula awubheki nje izibalo kodwa ubheka abantu okumele babhekane ngokwengqondo nemiphumela yezingozi zomgwaqo.
- Kungalesi sizathuke siqalise ngalo mkhankaso, hhayi nje ukunika abantu ithuba lokukhala kuphela, kodwa nokwakha inkundla yokuba umphakathi ubambe iqhaza ekuhleleni, ukugqungquzela nokwenza izinhlelo zokuphepha emgaqweni.
- Esikhathini esiningi lokhu kudala ukuhlupheka emindenini. Kufa abantu ababheke imizi. Abakhubazeke ezingozini balahlekelwa imisebenzi nemali ababeyihola, bese imindeni ebabhekile iphenduka ingena ekuhluphekeni.
- Ukubandanyeka komphakathi kwezokuphepha emgaqweni kuzosisiza ekwehliseni izingozi zomgwaqo, bese kuphuculwa izimpilo zabantu.
- Ezokuphepha emgaqweni akuyona into oyiletha emphakathini, kodwa into eyenziwa ngoku bambisana nomphakathi.
- Esikhathini esiningi esedlule beku nomqondo wokuthi nguhulumeni kuphela onomthwalo wokuqinisekisa ezokuphepha emgaqweni. Nokho-ke, sesifikile isikhathi sokuba lilungiswe leli phutha.
- Ukuphepha emgaqweni kungumthwalo wawo wonke umuntu.
- Sikholwa ngukuthi izinsuku zalo mkhankaso kaSiyabakhumbula zizokhuphula izinga lokuqasha ngezokuphepha, ziqinisekise nokuthi izinhlelo zezokuphepha ziyafinyelela emazingeni aphansi kuyo yonke imiphakathi yaKwaZulu-Natal.
- UMnyango wethu usanda kusingatha ngempumelelo ingqungquthela yezobuchwepheshe eyaziwa nge-2<sup>nd</sup> Africa Technology Transfer Conference, lapho bekudingidwa izindaba ezithinta ezokuthutha. Ngikholwa ngukuthi izinqumo ezithathwe lapha zizosisiza kakhulu kulokhu.
- Amabandla ezenkolo ayingxenywe ebaluleke kakhulu yomphakathi, njengoba phela iwona enza umsebenzi wokulungisa izimilo zabantu abafundise nezindlela zokuziphatha.
- Yingakho abaholi bezenkolo kumele babambe iqhaza kakhudlwana ukusabalalisa ivangeli lokuphepha emgwaqeni ngesikhathi benza izinkonzo.

- Abaholi bamabandla kumele babheke ezokuphepha emgaqweni ngokukamoya ngoba ukuphepha emgaqweni kuthinta ukufa nokuphila.
- Sengiphetha, ngithanda ukunikhumbuza ukuthi inyanga ka-October ibekelwe ukuba ngeyithuthi zomphakathi esithi iNational Public Transport Month. Ngakhoke ngiyaxusa ukuba nibe ingxenye yezinhlelo ezahlukeni nemicimbi ehleliwe ngale nyanga.
- Khumbula lokhu:
  - Izithuthi zomphakathi izona ezishibhile
  - Izithuthi zomphakathi izona ezenza umnotho usebenze
  - Uhlelo lwezithuthi zomphakathi olungcono nolusimeme lungaphumelela kuphela uma imiphakathi iyingxenye yalo.
  - Izithuthi zomphakathi ngezawo wonke umuntu kungakhathalekile izinga akulona.
  - Ukuphepha kwabagibeli ikona okuhamba phambili.
- Okokugcina, asiqhubeke nomzabalazo wokulwa nezingozi zomgwaqo nokufa kwabantu, sizame ukwakha iSouth Africa engeyawo wonke umuntu.
- Masisukume Sakhe

Ngiyabonga